

Izibongo, Zelanga and Zehlolo.

S224

K13/59

W.A.Zulu

b.

P.P. 1-4

Izibongo zelanga.

K13/59

1

Nkopholo emanxe6a ama6adubadu,

Ntungo ezizins6a,

Mahla6a zihlangana,

Si6ane esingenantuthu,

Zonke isi6ane zinentuthu,

Mae6e ozinta6a zomkhonto,

Ogwaza umuntu evuka.

Uthi vuka e6uthongweni.

Wavika waze walalala ngomhlu6ulo

Zandla ezibeke emhla6athini,

Zonke izandla zibeke phezulu.

Nkomo yase Mpumsalanga,

Ehlukanisa amadoda emnyameni,

Wawa thatha waze wawa6eka,

Erukhanyeni ngi wa6onile,

Ngi kuthande uphumile,

Ulondolozwa izihlupheki,

Zisuka enhla negumbi,

Zaze sayoshaya enzansi.

Lapho kugcina khona ulwandle,

Mgagadu ogangadile,

Mpondo ezicijile, zahla6a,

Zihla6a indoda isi6oco,

Zayihla6a ya6aleka,

Yaze yazifaka panshi kwehlahla,

2

Yahlala yonke imini izithintitha,

Hamba mlilo kazokhele,

Mlilo oshisa ikhehla laso ndini,

Lasha ikhanda nezinyawo,

RM/

Lasha izingu6o lasala umzimba.

Mkuphezi owahlulwa ifu,
 Wena ombethe ingu6o emhlophe,
 Eyehla izinyembezi ezimathonsi,
 Ezamanzisa indoda ilima,
 Ya6aleka yase yayongena endlini,
 Khephuzela makhephuzela,
 Phuma langa phuma,
 Mgwagwa wezulu.
 Wena osabe uzulu ehlezi,
 Wa6aleka wephuka,
 Wase wayongena endlini,
 Nkanyezi e6eke eNtshonalanga,
 Uyinqwele, Uyinqwele! Uyinqwele!
 Yenyanga ngi yi6onile,
 Nkanyezi ngi sokwenzenjani!
 Shoko6eza silwazana,
 Yiya entshonalanga silwam.
 Hamba sihlo6o sami hamba!
 Sa6ela uya6iswa eNtshonalanga,
 Hamba unqishiye nginesizungu,
 Shona mathunzi a6anga usizi

3

Ukhonze laphe uyakhona,
 Mnyama ongenafu nakanci,
 Sambane esingaphendukhi,
 Esidla umuntu sinzisa,
 Kanti simqeda izinkophe,
 Fihlisa mafihlisa,
 Mkombe osisasambana.
 Zikhanyise zonke ezisemnyameni,
 Esivela kwasoshangane.
 Zasuka eMpumalanga saya Entshonalanga
 Hlengela sikhova sakhona,
 Esasemini ngingaze ngisi6one,
 Zonke zi6onakala e6usuku.
 Ha! 6ashise 6o?

RM/

Hamba mngani wami,
 Ukhosxe lapho uyakhona.
 Sula izinsizi zezinkedama,
 Msebe wafafo!
 Mnyama ngiwu6onile,
 Ngi wuthande uwisa indoda,
 Iphuma otshwaleni,
 Yawa yase yaphuka ugalu.

4

Isigongo zokwethwasa kwehlelo.

- 1 Thwasa hlo6o sikulindele,
 Si kubeke nga6omvu amehlo.
 Sesi phaxiwe ngamakaza se6usika
 Zigqokise izinta6a ngengu6o yazo,
 Ewusizo ngisho nasezilwaneni.
 Ingu6o eluhlaza em6alongaphendukiyo.
- 2 Hlumani mahlamvu emitni,
 Izimbali zizolandela,
 Hlumani mahlamvu ezinta6eni.
 Nanduleli zimbali lezo zasendle,
 Esiyisihlo6iso semvelo kini
 Esimhlo6isa njengomakhothi echanguza.
- 3 Thwasa hlo6o si kulindele,
 Zikubeke ngabomvu amehlo.
 Ngisho nezinyoka zansodimbala.
 Zifuna ukuphuma emgodini manje.
 Ngo6a seze6uzile, zakulahla okudala.
 Sezifuna ukwaluka zingeqiwa sekhathi.
- 4 Thwasa hlo6o sikulindele,
 Ukubeke nga6omvu amehlo
 Ngisho nomhla6athi wakwa mhla6a.
 Usukhathele ngamakhaza nokomisa,
 Lethimvula yake ephuma ngaphezulu.

RM/

Iwunyeneyese, iwuthambise wonke umhlaŝathi.

5 Thwasa hloŝo sikulindele,
 Ikubeke ngaŝomvu amehlo,
 Imifula nemifudlana, nemihosha,
 Eminye isishile Kwasala amachiŝi,
 Namaxoko asaswele ukuthi enzenjani
 Izinhlanzi zona sesiyizintandane du.

6 Thwasa hloŝo sikulindele,
 Zikubeke naŝomvu amehlo
 Wezinyoni zezulu ezindiza phezulu,
 Izinkonjane namajayankomo.
 Ziyafuna ukuŝuya enyakatho manje,
 Ngokuŝa isikhathi sazo sesifikile.

7 Thwasa hloŝo sikulindele,
 ŝakubeke ngamehlo abovu,
 Aŝantu aŝasemazweni ngamaze,
 Ngisewe seŝekhononda aŝanye bethi,
 Kanti seliyo thwasa nini ihloŝo na?
 Seŝelindele ukutsala izife nezivande.

8 Thwasa hloŝo sikulindele
 Zonke izinto ziŝeke wena
 Zinto zonke ziya saŝulukehloŝo.
 Izinyoni zikuŝonga ngenhlokomo
 Aŝasele akuŝonga ngenhlokomo nawo
 Naŝantu ŝakuŝonga ngenhlokomo emasimini.

5

9 Zonke izidalwa sikulindele,
 Zikubeke ngoŝomvu amehlo,
 Amakhosi kanye naŝantukazana,
 ŝalinde wena msizi waŝo wafuthi.
 Vusizinto eŝuthongweni ŝazo,
 Umhlaŝa wonke uthokaze nezinto zawo.

RM/